UPhephelaphi usiza ugogo ukuphakela izikhukhukazi.

Izikhukhukazi zisaba uPhephelaphi. Ziyabaleka!

“Bukela kimina, Phephe,” kusho ugogo.





UPhephelaphi ujaha ichwane. Ufuna ukuliqukula.

Ichwane liyabaleka.

“Bukela kimina, Phephe,” kusho ugogo.

UPhephelaphi nogogo balanda amaqanda.

UPhephelaphi akaqapheli. Amaqanda ayaphuka.

“Hhayi bo, Phephe! Qaphela,” kusho ugogo.





UPhephelaphi upha ikati ubisi.

Akaqapheli.

“Qaphela, Phephe,” kusho ugogo, uzama ukumsiza.

UPhephelaphi ujikijelela uNdala induku.

Akaqapheli. Kukhona ozolimala. Ilimaza uNdala.

“Hhayi bo, Phephe! Qaphela,” kusho ugogo.





UPhephelaphi nogogo bakha otamatisi.

Akaqapheli uma ekha otamatisi.

“Bukela kimina, Phephe,” kusho ugogo.

Izinwele zikagogo zibophekile. Uzama ukuzelula izinwele zakhe.

UPhephelaphi umephuca ikama.

“Hhayi bo, Gogo! Bukela kimina,” kusho uPhephelaphi emoyizela.

